APPLICATION IN TERMS OF THE SPATIAL PLANNING AND LAND USE MANAGEMENT ACT NO. 16 OF 013 REGULATIONS AND BY-LAWS:

APPLICATION FOR SPECIAL CONSENT:

NEWCASTLE TOWN PLANNING SCHEME:

Notice is hereby given that on application has been lodged with the Newcastle Municipality for its consent to use A PORTION OF SUB 37 OF FARM BLAAUWBOSCH LAAGTE NO. 8892 for the purpose of ESTABLISHMENT OF A HOME BASED BUSINESS (TUCK SHOP). Any person desiring to object to this application may do so not later than thirty (30) days from date of the publication of this notice, by lodging in writing, setting out the grounds of objection, with the Municipal Manager or address below. Plans and particulars relating to this application may be inspected at Newcastle Municipality Tower Block, Development Planning & Human Settlements (Town Planning, 4th Floor) no. 37 Murchison Street, Newcastle, 2940 between 07:30 and 16:00 weekdays. Enquiries and correspondence can also be directed to Oupa Radebe at 034 328 7600/7868 or via email at oupa.radebe@newcastle.gov.za. Date of application: 28 July 2017. Name of newspaper(s): Amajuba Eyethu.

Newcastle Municipality
Town Planning
Private Bag x6621
Newcastle
2940

DS094161 / 10x2

# Iklomelise abalaphi bendabuko ngezitifiketi iGijima Clinic

Bangaphezu kwamashumi amabili abalaphi bendabuko nabangaphansi kweTraditional Healers Organization (THO) okuthe kulelisonto esiphuma kulo baphinde baklonyeliswa ngezitifiketi zokuqeda izifundo zesonto lonke ebezibanjelwe eGijima Clinic eseMadadeni esigcemeni sesikhombisa kababa uNdlovu.

Nakuba kungekho kangako ukusebenzisana phakathi kwabalaphi bendabuko namaphoyisa. Kepha umnikazi weGijima Clinic nobuye abengaphansi kweTHO uMnuz Fana Ndlovu, uthi ithemba lisekhona. "Mhlawumbe ngelinye ilanga amaphoyisa ayoze akubone ukubaluleka kokusebenzisana nathi singabalaphi bendabuko. Abalaphi badonsa nzima uma beyofuna izimvume emaphoyiseni, batshelwa imidanti eminingi abanye bagcine bedikibele," kusho uMnuz Ndlovu. UNdlovu nobuye abewugobela, uthi ukusebenza kwabo noMnyango wezeMpilo kuhle kakhulu. Kodwa njengemihla yonke, abalaphi bendabuko bahlale bekhala ngokuthi bona bayazedlulisa iziguli kodokotela nakumanesi ezibhedlela, kodwa kusekhona ukundonda ngasemnyangweni, ngokuthi ubathembe balethe iziguli kubo. UNdlovu uthi engani baqeqeshiwe nje, umnyango nawo uyazi ukuthi ukulapha ngokwesintu sekujike kakhulu, akusafani nakuqala.

"Abalaphi bendabuko bayezelapha manje izifo ezifana noTB, shukela kanye nezinye ezibucayi. Isifo esiseyinkinga yilona igciwane lengculaza kanye nesandulela sayo. Nathi singabalaphi bendabuko lesisifo siseyinkinga kithi, asikakwazi ukuselapha," kulanda uMnuz Ndlovu.UNdlovu uthi abalaphi bendabuko bebeqeshwa uthisha obethunyelwe yihhovisi likazwelonke. Uthi kuningi abafundiswe kona, kodwa okumqoka kunakho konke ukufundiswa ngendlela okumele baziphathe ngayo bona bengabalaphi, bese befundiswa nangendlela okumele baphathe ngayo isiguli. Bathi inhlanzeko ngenye yezinto ehamba phambili kuluqeqesho, kube yindlela yokuzinakekela kwakhe umlaphi wendabuko nakho yinto efundwayo kulelikilasi. "Umlaphi ubuye afundiswe futhi ukuthi akangalaphi umuntu kugcine sekugula yena. Manje yingakho sifundiswa nangendlela okumele sisebenze ngayo ezindumbeni zethu. Umnyango ungenelela kakhulu ekusifundiseni nathi ngokumele sikwenze ezindumbeni zethu ukuthinta ezempilo," kusho uNdlovu. Abalaphi bendabuko abangaphansi kweTHO abaveli nje beyogubha imithi lapho bethanda



*Abalaphi bendabuko abangaphansi kweTHO nabebezothweswa iziqu yilenhlangano lapha eGijima Clinic eSection 7 Emadadeni.*

khona, kepha kunemvume abanayo, futhi ekhombisayo ukuthi bangabalaphi ukuze bavunyelwe ukuyogubha imithi.

UNdlovu uthi okunye okumele abantu bakwazi ukuthi abalaphi bayafundiswa ngisho nangawo amalungelo eziguli. Wathi sesaphela isikhathi sokuthi inyanga, noma isangoma okukanye umthandazi avele ebuke isiguli emehlweni bese esibiza imali ethandwa wuye. Uthi uNdlovu nabo abahambisani nokuthi iziguli zibizwe imali emba eqolo ngoba nakhu umlaphi ebuke imoto isiguli esihamba ngayo. Uthi ekugcineni into ebelulekile lapha impilo yomuntu kunemali. Uthi iziguli ezininingi nazo kumele ziye kubalaphi seziwazi amalungelo azo. "KwaTHO siyafundiswa ukuthi isiguli sinelungelo. Uma singeneme ngendlela osenzela ngayo, kuyilungelo laso futhi ukuphuma siyozama engxenye. Wena njengomlaphi awunalo nelincane ilungelo lokusivimba isiguli uma sithi siyakushiya ngoba singeneme mhlawumbe ngendlela osihlolela ngayo. Sikugcizelela njalo ukuthi imfihlo yesiguli ihlale phakathi komlaphi nesiguli.

Ngeke sikubekezelele ukuthi izimfihlo zeziguli zinekelwe izwe. Ngenhlanhla thina lapha kwaTHO yizinto zonke lezo esifundiswa zona kulamakilasi esonto lonke esiba nawo njalo uma sikhipha abalaphi," kusonga ubaba uNdlovu.

**Isaziso ngokweSigaba 35 no-36 (5) soMthetho weMithombo kaZwelonke kaGugu (uMthetho wama-25 ka-1999)**

Isaziso sinikezwa ukuthi G&A Heritage Properties (Pty) Ltd kanye no-Umpheme Developments (Pty) Ltd ihlose ukusebenzisa ngokweSigaba 35 no-36 (5) soMthetho wezeMvelo kaZwelonke (uMthetho wama-25 ka-1999) neSigaba 2 (1) Ukususwa kwe-Graves and Dead Bodies Ordinance (i-Odinensi no-7 ka-1925), i-Odinensi ye-Exhumations (i-Odinensi no-12 ka-1980) kanye noMthetho wamaTissues (uMthetho 65 ka-1983 njengoba uchitshiyelwe) kanye nemithetho-nqubo efanele yendawo; KuHulumeni wesiFundazwe esifundazweni lapho amathuna atholakala khona kanye noMasipala wasekhaya ofanelekile.

**Incazelo yomsebenzi**
Njengengxenye yentuthuko entsha ye-Project Siyahlala-la Housing, eMasipala waseNewcastle esifundazweni saKwaZulu-Natali amathuna amaningi adinga ukuthuthwa.

**Igama lomgqugquzeli:**
Umpheme Developments (Pty) Ltd

Noma yimuphi umuntu (umndeni, inzalo noma abangane) nanoma yiluphi ulwazi lwama-amathuna futhi abafisa ukuhlinzeka ngolwazi ngalokhu kuyanxuswa ukuba baxhumane nomuntu obalulwe ngezansi zingakapheli amasonto amane kusukela kosuku lesaziso. Sicela wenze njalo ngokubhalela ekhelini le-imeyli elihlinzekwayo noma ngokuthunyelwe okubonisa ukuthi ubuhlobo nobunikazi obufanayo.

**G&A Heritage Properties (Pty) Ltd**
**Stephan Gaigher**
**stephan@gaheritage.co.za**
**P.O. Box 522, Louis Trichardt, 0920**

FREE Vuma reader
with the August issue




Help your child learn to read with Vuma.

AMAJUBA
EYETHU
Iphepha Lakho Lesizulu Elihamba Phambili
iyatholakala
Kulezindawo ezilandelayo:
Newcastle, Madadeni, Osizweni Blaauwbosch, Charlestown, Ingogo, Utrecht, & Dannhauser.




Hlala wazi ukhuthi kwenzekani emphakathini wakho KuEyethu Amajuba, Mahala Njalo ngoLwesine

Ukukhangisa Xhumana noLihle Mathebula 072 072 0910
Izindaba Xhumana noKhulekani Khuzwayo (034) 312 6021